

IZIKHIYE ZEBHAYIBHELI

Isango Loku

Phila

IZIKHIYE ZEBHAYIBHELI

**Isango Loku
Phila**



Isango LokuPhila

Ishicilelwe okokuqala ngolwimi lwesiZulu ngo 2008
Imvume qokushiqilela © 2008 Victura & FL Media
Wonke amalungelo avikelwe

ISBN 978-0-9534793-9-9

Umshicilelo wesi Ngisi, imvume yokushicilela
© 2000 Victura & FL Media. Wonke amalungelo avikelwe

Ibhalwe ezweni lase Ningizimu Afrika ngabakwa MediaServe.
www.mediaserve.org

“Isango LokuPhila” ungayithola
ku internet e www.biblekeys.org

Izaziso

© Okukhishwe eBhayibhelini ngemvume yeNhlango
yeBhayibheli yaseNingizimu Africa.

Wamukelekile Isango LokuPhila!

Ngaphambi kokuthi uqale isifundo sokuqala, qala ngokufundisa isingeniso. Sichaza injongo yalencwadi *Isango LokuPhila* nokuthi uzisebenzisa kanjani izifundo zayo.

Yini Isango LokuPhila?

Isango LokuPhila liyingxenye yezifundo eziphathelele nemfundiso yeBhayibheli. Esinye nesinye isifundo simaqondana nawe ukuthi wakhe impilo yakho. *Isango LokuPhila* lizokufundisa ukusebenzisa iBhayibheli lakho nokuthi wamukele konke uNkulunkulu akugcinele kona.

Ungayisebenzisa kanjani lencwadi?

- Thola amavesi eBhayibhelini.
- Dwebela amavesi eBhayibhelini lakho.
- Thola incwadi encane lapho uzobhala khona imibuzo nezimpendulo zakho.
- Funda amanye amavesi ngenhliziyo okungenani lawo asekgucineni kwekhasi laleso naleso sifundo.

Iziqephu nemifanekiso yazo



Imfundiso yeBhayibheli

Lona ngumfanekiso we “mfundiso yeBhayibheli” – uwuthola esigabeni sesinye nesinye isifundo. Isigaba nesigaba sifundisa ngengqikithi ehlosiwe.



Ulwazi lweBhayibheli: Zifundele ngokwakho

Kulesisigaba kunezinto ofanele uzenze, lokhu kusiza wena ukuthi wazi ukuthi lithini ibhayibheli, ngongakwenza empilweni yakho.



Isikhathi sokwenza: Yenza ngokweZwi!

Ukholo olungenazimvo, ukholo olufile. Ngakho ke siyakugqogquzela ukuthi kube khona okwenzayo emva kwesinye nesinye isifundo. Uma wenza ngalendlela yaloko okufundile, izibusiso zikaNkulunkulu ziba yiqiniso kuwe.



Isikhathi sokubukeza: Bukeza izahluko eBhayibhelini

Esifundweni ngasinye sikhethe isahluko seBhayibheli esisodwa noma ezimbili ezibalulekile. Sikhethele wena ukuthi uzibukeze. Indlela engcono yokuzibukeza ukuthi uzifundele phezulu uze uzazi ngenhloziyo. Zindla kuzo kakhulu zivumele zibe ingenye yempilo yakho.



Isikhathi sokudumisa

Lapha siyakugqogquzela ukuthi umdumise futhi umhalalise uNkulunkulu. Mtshele ukuthi muhle kangakanani noma cula izindumiso egameni lakhe.

Wamukelekile "Isango LokuPhila", uNkulunkulu akubusise!

Izifinyezo Zebhayibheli

IThesitamente Elidala				IThesitamente Elisha	
UGenesise	<i>Gen</i>	UDaniyeli	<i>Dan</i>	NgokukaMathewu	<i>Math</i>
U-Eksodusi	<i>Eks</i>	UHoseya	<i>Hos</i>	NgokukaMarku	<i>Mark</i>
ULevitikusi	<i>Lev</i>	UJoweli	<i>Joweli</i>	NgokukaLuka	<i>Luk</i>
UNumeri	<i>Num</i>	U-Amose	<i>Am</i>	NgokukaJohane	<i>Joh</i>
UDuteronomi	<i>Dut</i>	U-Obadiya	<i>Ob</i>	IzEnzo	<i>IzE</i>
UJoshuwa	<i>Josh</i>	UJona	<i>Jon</i>	KwabaseRoma	<i>Rom</i>
AbAhluleli	<i>AbAhl</i>	UMika	<i>Mik</i>	1 kwabaseKorinte	<i>1 Kor</i>
URuthe	<i>Ruthe</i>	UNahume	<i>Nah</i>	2 kwabaseKorinte	<i>2 Kor</i>
USamuweli 1	<i>1 Sam</i>	UHabakuki	<i>Hab</i>	KwabaseGalathiya	<i>Gal</i>
USamuweli 2	<i>2 Sam</i>	UZefaniya	<i>Zef</i>	Kwabase-Efesu	<i>Ef</i>
AmaKhosi 1	<i>1 Amakh</i>	UHagayi	<i>Hag</i>	KwabaseFilipi	<i>Fil</i>
AmaKhosi 2	<i>2 Amakh</i>	UZakariya	<i>Zak</i>	Kwabase Kolose	<i>Kol</i>
IziKronike 1	<i>1 IziKr</i>	UMalaki	<i>Mal</i>	1 kwabase Thesalonika	<i>1 Thes</i>
IziKronike 2	<i>2 IziKr</i>			2 kwabase Thesalonika	<i>2 Thes</i>
U-Ezra	<i>Ezr</i>			1 kuThimothewu	<i>1 Thim</i>
UNehemiya	<i>Neh</i>			2 kuThimothewu	<i>2 Thim</i>
U-Esteri	<i>Est</i>			KuThitu	<i>Thith</i>
UJobe	<i>Jobe</i>			KuFilemoni	<i>Fil</i>
AmaHubo	<i>AmaH</i>			KumaHeberu	<i>Heb</i>
IzAga	<i>IzA</i>			EkaJakobe	<i>Jak</i>
UmShumayeli	<i>Shum</i>			1 kaPetru	<i>1 Pet</i>
IsiHlabelelo seziHlabelelo	<i>IsiHlab</i>			2 kaPetru	<i>2 Pet</i>
				1 kaJohane	<i>1 Joh</i>
U-Isaya	<i>Isaya</i>			2 kaJohane	<i>2 Joh</i>
UJeremiya	<i>Jer</i>			3 kaJohane	<i>3 Joh</i>
IsiLilo	<i>IsiLilo</i>			EkaJuda	<i>Juda</i>
UHezekeli	<i>Hez</i>			IsAmbulo	<i>IsAmb</i>



Okuphakathi

Isifundo Sokuqula

UNkulunkulu unguBaba oMuhle 11

Isifundo Sesibili

UJesu unguMsindisi omangalisayo 19

Isifundo Sesithathu

Ungagcwaliswa ngoMoya oNgcwele! 31

Isifundo Sesine

IZwi lika NKulunkulu – Liyiqiniso elizokukhulula! 43

Isifundo Sesihlanu

Impilo yakho entsha! 51

UNkulunkulu unguBaba oMuhle

Ngalesifundo:

Wamukelekile kulesifundo sokuqala *Isango LokuPhila*. Namuhla uzofunda maqondana neqiniso eBhayibhelini ngoNkulunkulu. Zonke izimpendulo zemibuzo ziseBhayibhelini iZwi lika Nkulunkulu lisitshela lonke iqiniso esilidingayo.

Imibuzo yanamuhla yilena:

- Ngubani uNkulunkulu?
- Unjani uNkulunkulu?
- Ngingamazi kanjani uNkulunkulu?



1 Ngubani uNkulunkulu?

UNkulunkulu uMdali

IBhayibheli lithi **“Ekuqaleni uNkulunkulu wadala izulu nomhlaba.”**

Kukhona isikhathi lapho umhlaba kwakuyihlane elingenalutho. Yayingekho imini kanye nobusuku, futhi kwakungekho zidalwa eziphilayo. UNkulunkulu kwakunguyena qobo lwakhe kuphela umuntu ophilayo.

Kodwa uNkulunkulu wafuna ukudala abesilisa nabesifazane nomhlaba omuhle ukuze baphile kuwo. Kusukela obaleni wadala yonke into. UNkulunkulu wathi: “Makube khona ukukhanya”, kwaba khona ukukhanya. Esewudalile umhlaba kwase sekufike isikhathi sokudala u Adam no Eva abantu bokuqala.

Gen 1:1

Gen 1:3
(Funda yonke
Gen Ch. 1)



Ngubani uNkulunkulu? (ukuqhubeka)


UNkulunkulu munye

Dut6:4

Kuno Nkulunkulu oyedwa, uNkulunkulu ose Bhayibhelini. **“UNkulunkulu wethu, uJehova, munye.”** Noma kunjalo abantu bano kuzibazela onkulunkulu kanye nezithixo zabo yize zingafani noNkulunkulu. Yena uyakhuluma, zona zithule nje. Uyabona, zona aziboni. Unosizo, zona azinalo.

AmaH 115:2-8
1 Kor 12:2

Mhlawumbe awuthembi izithixo ezi khandwe nge sigodo, zenhlabathi, noma ezensimbi. Kodwa yini isithixo? Yinoma yini othembela kuyona; imali, isikhundla sakho emphakathini, usiko lwakho, noma ukuzethemba wena qobo lwakho. Konke lokhu kungo nkulunkulu esibenzayo ngokwethu. Kodwa uNkulunkulu akadalwanga umuntu, njengezithixo, noma abanye “onkulunkulu.” Wadala konke futhi nguye yedwa uMdali noNkulunkulu wethu.



Isithixo asikuniki lutho. Kodwa uNkulunkulu uyakuthanda kanti futhi ukunika okungcono kunako konke!

UNkulunkulu unguBaba

Luk 3:38

UNkulunkulu unguBaba omangalisayo onothando. IBhayibheli lithi uAdam wayeyindodana ka Nkulunkulu. Ngakho ubudlelwano buka Nkulunkulu kithi zizukulu zika Adam, bungobuka Baba.

Wenza okenziwa nguBaba:

AmaH 139:13-16

- Uyimvelaphi yakho noma engeyona ngokwenyama wahlela ukuthi kufanele uzalwe unguwena hhayi ungomunye umuntu.

Math 6:25-33

- Uyakunakekela ufuna ukuthi ube nokudla nezim pahla kanye nokuvikeleka.

Math 6:26

- Ubalulekile kuyena! Ukuthatha njengobalulekile uku ndlula zonke,

AmaH8:3-8

izinto eziphilayo, kanti futhi ukunike isithunzi negunya loku busa phezu kwezidalwa zakhe uyake.

- Uyakuthanda uyajabula uma ujabule.
- Uyalangazela ukuba nenhlanganyelo nawe zinsuku zonke.



2 Unjani uNkulunkulu?

IBhayibheli lisho izinto eziningi ngoNkulunkulu. Indlela engcono kakhulu yokwazi kakhulu ngaye ukuthi uhlale ufunda iBhayibheli. Namuhla uzofunda izinto ezibalulekile ngaye.

UNkulunkulu ulungile

1 Joh 4:8

UNkulunkulu ulungile. Uthanda wonke umuntu. IBhayibheli lisitshela ukuthi uwuthando! Wazi ngawe, wakuthanda futhi wakuhlelela ngaphambi kokuthi uzalwe. Ngakho ke ungamethemba. Ngaphambi kokuba ucabange ngokuthile, uyazi yena ukuthi uzocabanga ngani. iBhayibheli ligcwele abantu ababonga uNkulunkulu ngokulunga kwakhe.


AmaH 136:1

“Bongani uJehova ngokuba muhle, ngokuba umusa wakhe umi phakade.” Incwadi yamaHubo igcwele izihlabelelo zokudumisa ezimangalisayo!

UNkulunkulu mkhulu

Isaya 40:10-15

UNkulunkulu mkhulu ukwendlula indlela esicabanga ngayo. Lalela umprofethi ulsaya: **“Ngubani olinganise amanzi ngentende yesandla sakhe, walinganisa izulu ngeminwe eyeluliweyo? Bheka izizwe zinjengethonsi kwasesitsheni.”** Lokhu kusho ukuthi uma ungumngani,



AmaH 46:1

ungumtwana kaNkulunkulu uno baba nomngane onesiqiniseko. Uyisiphephelo namandla akho, futhi uhlala elindele ukukusiza.

Luk 10:19

UNkulunkulu ungcwele futhi ulungile

UNkulunkulu ungcwele futhi ulungile. Lokhu kusho ukuthi uzonda yonke into engalungile enesono. Wadala umhlaba futhi uyazi ukuthi singaphila kanjani ngokuzwana nemvelo kanye nesiphila nabo. Asinalo ilungelo lokona lomhlaba noma abanye abantu. Ngakho ke uNkulunkulu usinike imithetho yokuvikela umhlaba nempilo yomuntu nokusilondoloza kokubi.



Dut4:24

Unjani uNkulunkulu? (ukuqhubeka)

IBhayibheli lithi uNkulunkulu ungumlilo: **“Ngokuba uJehova uNkulunkulu wakho ungumlilo oqothulayo.”** Akekho namunye ongabonana naye aphile ngokuba bonke abantu bayona. Kuchaza ukuthini lokhu? Kungabe kukhona onethuba LokuPhila? Yebo! NgoJesu Kristu, uNkulunkulu udale indlela yokuba siphile sihlanganyela naye, noma ngabe kukhona okungalungile ezimpilweni zethu. (Lokhu kuzochazwa esifundweni esilandelayo.)



AmaH 119:130

3 Ngingamazi kanjani uNkulunkulu?

• NgeBhayibheli

Isisusa esibalulekile kakhulu solwazi lwethu ngo Nkulunkulu iBhayibheli. IBhayibheli yiZwi lika Nkulunkulu futhi lisitshela konke esidinga ukukwazi ngaye. Njengoba iZwi lika Nkulunkulu linamandla, linika ukukhanya. Ngakho ke, yonke into kulezifundo isuselwa eBhayibhelini. IBhayibheli likhuluma iqiniso futhi singathembela kulo.

• NgoMoya Ongcwele

UMoya oNgcwele ungu Nkulunkulu, nguyena oku holele ekutheni uqale ukufunda lezifundo. Uvula aphonse uku khanya eBhayibhelini uma ulifunda. “UMoya weqiniso, uzakuniholela kulo lonke iqiniso.” Kusukela ngalolusuku ungathandaza uthi:

Moya Ongcwele, vula iZwi lika Nkulunkulu kimi khona ngizokuliqonda futhi ngikhule, ngikhule okholweni lwami nge gama lika Jesu. Amen.

Joh 16:13

Siyakuhlalalisa!

Usufunde isifundo sakho sokuqala. Manje nakhu ofanele ukwenze. **Uphenyo lweBhayibheli** liyakusiza ukuba uzitholisisela kahle iqiniso nokuthi usebenzise osukufundile.

Uphenyo lweBhayibheli



Isifundo 1: Bhala ulandelanise konke ukufanekiswa kukaNkulunkulu encwadini AmaHubo 62 no 103.



Isifundo 2: “Unkululunkulu noma isithixo” yinto noma utho obeke kulo ithemba lakho. Ngubani noma yini isithixo sakho namuhla?



Isifundo 3: Funda indaba yendalo ebalulekile ku Genesis 1-2. Zibhalele ngokufinqiwe lapha ngezansi:



Uphenyo lweBhayibheli (ukuqhubeka)

Isifundo 4: Ubaba UNkulunkulu uyakunakekela. Lapha ngezansi kune mibhalo namavesi aqondene nezidingo kanye nezinkinga zakho. Wagqamise noma uwadwebele eBhayibhelini lakho bese uwabhala phansi.

Uxolo:	NgokukaJohane 14:27
Ukuphila:	U-Eksodusi 15:26, NgokukaMathewu 8:17, 1 kaPetru 2:24
Ukudla nendawo yokukhusela:	NgokukaMathewu 6:25-33
Ukuxolela:	1 kaJohane 1:9
Ukwesaba:	U-Isaya 41:10
Injabulo:	U-Isaya 61:3
Isizungu:	NgokukaMathewu 28:20
Amandla:	KwabaseRoma 8:11

Kwakukuhle!

Manje sekuyisikhathi sokuthatha lokhu esikufundile sikusebenzise empilweni esiyiphilayo.

Isikhathi sokwenza

Ukukholwa kuziveza ngezenzo (EkaJakobe 2:17)

Ezifundweni ngazinye sizobonakalisa ngokwenza ngoba uma ufunda, ukhuluma noma ucabanga kodwa ukwenza kungekho, ukholo lwakho ngeke lusebenze.

• Isikole sokudumisa

Ukuthandaza nokudumisa UNkulunkulu kubalulekile kakhulu. Manje funda ukuthi udunyiswa kanjani.

- ✓ **Khipha** izincwadi nomsebenzi wakho.
- ✓ Uma kwenzeka, **Yima** ngezinyawo noma **uguqe** phambi kobukhona buka Nkulunkulu.
- ✓ **Phakamisa izandla zakho**, vala amehlo akho, uqale uthi: “**Ngiyakubonga Nkulunkulu ngalokhu...**”, umbonge ngamazwi akho, nezinto ezimagalisayo akwenzele zona.
- ✓ Uma uthanda, sebenzisa amagama AmaHubo 63:



Nkulunkulu unguNkulunkulu wami,
ngokuqinisekileyo ngiyakudinga:
Umphefumulo wami ukomele,
Umzimba wami uyakulangazelela...

(Thola lokhu eBhayibhelini lakho, ungasebenzisa AmaHubo 23, 91, 150 njalonzalo.)

Yenza lokhu noma **kanye ngosuku** - kuhle ukuqala usuku ngokudumisa uNkulunkulu impilo yakho yonke.

Cupha iwashi imizuzu eyishumi nanhlanu ngaphambi kwesikhathi ojwayele ukuvuka ngaso ekuseni bese uchitha leso sikhathi ngokudumisa iNkosi! **Angeke akujabhise.**

Mdumiseni ndawonye!

Zama ukuhlanganyela nabanye enikholwa nabo niqale ukudumisa uNkulunkulu ndawonye. Mhlawumbe ningakwenza lokhu njalonzalo kuzoshintsha izimpilo zenu! (IzEnzo 2:46,47)

Isikhathi sokubukeza

Bukeza ubese uyaliphimisa iliZwi lika Nkulunkulu

Esinye nesinye isifundo siphela ngamavesi aseBhayibhelini okufanele uwakhumbule. Wabhale esiqeshini sephepha, uwafunde kambalwa usuku – ebhasini noma ngesikhathi sekhefu noma nomdeni wakho ngesikhathi sokudla.

**“Bongani uJehova ngokuba muhle,
ngokuba umusa wakhe umi phakade.”**

AmaH 136:1

**“Uthando lukulokhu, kungesikho ukuthi thina samthanda
uNkulunkulu, kepha ukuthi yena wasithanda thina,
wathuma iNdodana yakhe ibe yinhlawulo ngezono zethu.”**

1 Joh 4:10

UJesu unguMsindisi omangalisayo

Ngalesifundo:

Wamukelekile kulesisifundo sesibili *Isango LokuPhila*. Siyethemba ukuthi uNkulunkulu ukhulumile nawe eBhayibhelini lakho. Usazoqhubeka akhulume nawe! UMoya oNgcwele ukhona ukuzokusiza.

Izihloko zezifundo zanamuhla yilezi:

- UNkulunkulu ukufuna njengomtwana wakhe!
- Isono sikuqhelanisa noNkulunkulu.
- Ungasindiswa ngoJesu!



1 Thim 2:4
nIsAmb 20:15
Luk 10:20
Joh 11:25

1 UNkulunkulu ufuna ube ngumtwana wakhe

UNkulunkulu ufuna ngempela wena ube ngumtwana wakhe!

UNkulunkulu ungubaba omangalisayo. Ufuna wonke umuntu owesilisa nowesifazane kanye nengane beze kuye basindiswe. Ufuna ukubhala igama lakho encwadini yoku phila aphinde akunike impilo engunaphakade. Ngakho, noma ungafa namhlanje, uzosindiswa. Injongo yesifundo sanamuhla ukuthi ufanele wazi ekujuleni kwenhliziyo yakho ukuthi uNkulunkulu ukwamukele. Kodwa kufanele sichaze amanye amaqiniso kuqala ebhayibhelini azoguqula impilo yakho!

UNkulunkulu ufuna ukukusindisa ezitheni zakho

Wena no Nkulunkulu ninesitha. Esihlala siphikisana noNkulunkulu



Joh 10:10

UNkulunkulu ufuna ube ngumntwana wakhe (*ukuqhubeka*)

igama lakhe nguSathane. Igama lakhe lichaza umgxeki. USathane uyakuvimba ekutheni ube ngumntwana kaNkulunkulu okhululekile ojabulile nohlalisekile. Uze kuphela ukuzontshontsha abulale bese ebhubhisa kodwa ningakhathazeki. UNkulunkulu uyakwazi ukuthi uphathwa kanjani uSathane. UJesu sekamqobile, futhi uzele ukuzokunika impilo engunaphakade! Ingeyawowonke umuntu, kanye nawe. Ukwenza lokhu kube sobala, sizogala sichaze ukuthi uSathane wakuthola kanjani ukuthi abambebele ebantwini, ikhona uzokwazi ukuthi ungakhululeka kanjani ngokuphelele emandleni akhe! Funda kuze kube sekugcineni uzobona ukuthi uNkulunkulu unasixazululo sini ongasisebenzisa!



Gen 1:26,27
Gen 1:31

2 Ekuqaleni, yonke into yayingenasi

Ekuqaleni sasingekho isono. UNkulunkulu wadala owesilsa nowesifazane, uAdam noEva. No mphelo kuzo zonke izinto ezinhle azenzayo. Wabona ukuthi zazizihle kakhulu!

(Funda yonke
Gen 1-2)


Wapha uAdam no Eva inkululeko ephelele. Wabanika umhlaba omangalisayo futhi zonke izidingo zabo zazifezwa. Babenenjabulo, nempilo, indawo enhle yokuhlala kanye nengadi eyayigcwele izihlahla ababezithokozela kangangoba bezifuna. Okungcono kakhulu kunakho konke, ukuthi babenenhlanganyelo ejulile njalo noNkulunkulu uqobolwakhe. UAdam noEva babengabantwana bakaNkulunkulu nabangane bakhe! IBhayibheli lisitshela ukuthi uNkulunkulu waze wathatha uhambo nabo ngesikhathi esipholile sosuku. Yima ucabange ngokuhamba uzungeleza ingadi enhle – no NKULUNKULU!



Gen 2:8

Gen 2:17

3 Inkululeko yokwenza okuhle nokubi



UNkulunkulu unguBaba, omangalisayo futhi uthanda abantwana bakhe bakhululeke. Ngakhoke wabanika igunya lako konke akudala emhlabeni: kuzo zonke izihlahla ezithandekayo nazozonke iziphethu zamanzi. Wabanika igunya loku busa phezu kwezilwane ne nndalo yakhe Kwakukhona isixwayiso esisodwa – kwakungafanele bathinte Umuthi Wokwazi Okuhle Nokubi. Lomuthi wawungokhethekile. Uma bedle kuwo babezofela phakade. UNkulunkulu wayazi ukuthi uzobenza bonakale kanti, wayefuna ukubavikela.

Lomyalo owodwa nolula kwakuyiwona wodwa. Uma uphiwa umyalo, unelungelo. Ungakhetha ukuweyisa noma ukuwuhlonipha. Ungakhetha, kodwa kufanele uzimele iziphumo zako konke okwenzayo. Manje inxenye ebuhlungu yendaba iyaqala.



Gen 3:1-6

4 USathane wabakhohlisa ukuze bone

USathane wangena ngesimo senyoka. Wathola ithuba lakhe! Lokuthi uma ekhohlisa uAdam noEva, babengeke besamlandela uNkulunkulu! Waqamba amanga kubona ngalokhu uNkulunkulu ayekushilo. Wathi uma bedla esihlahleni bayofana no Nkulunkulu. Wabakhohlisa ngamanga aluhlaza. Kodwa into ethile ngaphakathi kubo yayilambele izinto ezimbi ayekhuluma ngazo!

Jak 1:14

Lokhu yikhona kanye uNkulunkulu ayefuna ukukuvikela. UAdam noEva bakhetha ukukhohlwa yiyo yonke into uNkulunkulu ayebenzele wa batshela yona. Bahlonipha iZwi likasathane esikhundleni sezwi lika Baba nomngani wabo omuhle. Izinkanuko zabo zokubi zabadonsela ekudeni. UNkulunkulu wayengafuni ukuba bahlale bebambebele ekufeni ngokomoya, ngakho wabanqanda ekudleni Emthini Wokuphila. Ukuwela esonweni sekwaba yinto emisiwe, kwaba yisibhicongo.




Gen 3:1-6

5 Ukwahlukaniswa noNkulunkulu

Ngokushesha uAdam noEva kwadingeka ukuthi bashiye zonke izinto ezinhle ensimini. **Kanti okubi kakhulu kunakho konke, babengasenabo ubudlelwano noNkulunkulu.** Ukufa kweza; hhayi ngokufa kwenyama yabo, kodwa ngokufa kokuphila kuka Nkulunkulu ngaphakathi kwabo. Kwafana nokucinywa kwesibane. Icebo lika Sathane lase liphumelele: “Uma inkano isizethwele ibeletha isono, nesono sikhula size sibelethe ukufa.”

Jak 1:15



Kwakukhona imibuso emibili ephikisanayo: umbuso kaNkulunkulu nombuso wesitha. Kusakela uAdam no Eva




Kol 1:13,14

Ef 2:1,2

Gen 4:1-12

Ukwahlukaniswa noNkulunkulu (*ukuqhubeka*)

 Umbuso wobumyama	 Umbuso kaNkulunkulu wokukhanya
	
UNKulunkulu ufuna ukusisusa sonke asise embusweni Wokukhanya!	

bahlukaniswa noNkulunkulu, base bengabombuso wobumnyama. IBhayibheli lisitshela ukuthi: “Uniphilisile nani enanifile ngeziphambeko nangezono zenu, enanikade nihamba kuzo... ngokwendlela yalelizwe ngokombusi wemimoya emibi esebenza kulabo abangalaleliyo.”

Impilo ka Adam no Eva eyayingenasici yashintsha. Umsebenzi wabanzima futhi kwaba nzima nokuthola ukudla. Ukufa kwaqala kwabusa. Indodana kaEva yokuqala yabulala umfowabo ngenxa yo mona. Ngokushesha yoke

imicabango yomuntu yaba emibi. Benza isono sokuphinga; bagcwala ukuziqhenya. Isono sanda.



Rom 3:23

6 Wena nami sonile

Kusukela lapho, bonke abantwana baka Adam – yithina sonke labo – sonile. IBhayibheli likubeka ngokusobala: “Ngokuba bonke bonile; basilalelwe yinkazimulo kaNkulunkulu.” Uyakuzwa ngaphakathi kuwe. Usuvele uyakwazi. Ngoba “u wonke” uchaza “bonke”: wonke umuntu, wesilisa nowesifazane, nomtwana. Sonke uma ngabe sashiywa kuleso simo, sasingafela phakade, njengokwenzeka ku Adam no Eva. Kodwa uNkulunkulu muhle! Azange kugcine izwi likaSathane! UNkulunkulu waba necebo lokusindisa, futhi izwi lokucina **uJesu!**



7 UJesu isixazululo esiphelele!


Uzokwenzani manje uNkulunkulu? Uselahlekelwe abangani nabantwana bakhe; uAdam noEva sebemshiyile. Kanti futhi sebelethe bonke abantu ngaphansi kwamandla obunmyama. UNkulunkulu wayazi ukuthi bangeke bachushe ngamandla abo nokuthi uSathane wayebagodlile ngoba bonile.

Indlela eyodwa nje!

Kwakukhona indlela eyodwa yokusindisa abantu ekufeni kwaphakade. Umuntu othile kufanele abathwalele izono zabo, bese ebasindisa. Kanti kwakukhona umuntu oyedwa kuphela owayengakwenza lokho: Indodana yakhe uNkulunkulu uJesu!

Joh 3:16

“Ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka waze wanikela ngendodana yakhe ezelwe yodwa, ukuba yilowo nalowo okholwa yiyo anga bhubhi kepha abe nokuphila okuphakade.”



Udumo malube kuNkulunkulu! UNkulunkulu wanikela ngeNdodana, yakhe kwase kushintsha umlando. Kwenzeka ukuba sikwazi ukuba nobudlelwana noNkulunkulu ngenxa kaJesu!

Usindiso

Lokhu uNkulunkulu akwenza ngo Jesu kubizwa ngosindiso. UJesu wayemsulwa, kodwa wafa ukufa okubi impela endaweni yakho.

2 Kor 5:21

UJesu azange abe nesono kodwa wathwala izono zakho.

1 Pet 2:24

UJesu azange abe nokugula, kodwa wathatha okwakho.

UJesu wafela ukukwenza umuntu okhululekile, ojabulile nonothile ukundlula bonke ongase uphuphe ngabo!

UJesu wafa endaweni yakho. Wakwenza ukukukhulula emandleni obumnyama – **ukukususa eMbusweni Wobumnyama akuse eMbusweni Wokukhanya!** Yonke indawo ayihamba uJesu, wakhapha imimoya emibi eyayihlupha abantu ngokwesaba, ukungahlanzeki kanye nokugula (Math 8:16). UJesu usenjalo nanamhlanje! Uma ucindezelwe umoya omubi, uzokusindisa manje. Khala uthi: “Ngisize Jesu!” Tshela uSathane ahlukane nami: “Egameni lika Jesu, ngitshela wena Sathane ukuthi ungiyekele! Ngigcwalisela ukuvikeleka egazini likaJesu!” Manje mbonge uNkulunkulu ngalempumelelo.

Ngenkathi uJesu efa, wakukhulula kubobonke ububi bomphumela wesono sika Adamu:

Funda
ulsaya 53

- isono
- ukugula
- imimoya emibi
- zonke izinto eziyizihibe!

Uphenyo lweBhayibheli

Nazi izinto okufanele uzenze. Zizokusiza ukuqonda izwi likaNkulunkulu kancono.



Isifundo 1: Siyini isono?

Isono ukungamhloniphi uNkulunkulu. UNkulunkulu uyasitshela okulungile nokungalungile eMiyalweni eYishumi (U-Eksodusi 20:3-17) Bhala phansi izindlela ezithintana nawe.

Eks20:3: “Ungabi nabanye onkulunkulu ngaphandle kwami.”

Eks20:4: “Ungazenzeli izithombe ezibaziweyo, namfanekiso woku sezulwini ngaphezulu, nowokusemhlabeni phansi, nowokusemanzini phansi komhlaba.”

Eks20:7: “Ungaliphathi ngeze igama likaJehova uNkulunkulu wakho, ngokuba uJehova akayikumyeka oliphatha ngeze igama lakhe.” (Isibonelo osebenzisa igama lakhe ngaphandle kobufakazi.)

Eks20:8-10: “Khumbula usuku lwesabatha, ulungcwelise. Izinsuku eziyisithupha uyakusebenza, uwenze wonke umsebenzi wakho, kepha usuku lwesikhombisa luyisabatha likaJehova uNkulunkulu wakho.” (*Kubalulekile: Amakholwa esikhathini esiningi agcina usuku lweSabatha njengosuku olubalulekile lokudumisa nokuphumula.*)

Eks20:12 (Ef6:2,3): “Yazisa uyihlo nonyoko, ukuze izinsuku zakho zibe zinde ezweni uJehova uNkulunkulu wakho akunika lona.”

Eks20:13 (Math5:22): “Ungabulali.”

Eks20:14 (Math5:28): “Ungaphingi.”

Eks20:15 (Ef4:28): “Ungebi.”

Eks20:16 (Jakobe4:11, Kol3:9): Ungafakazi amanga ngomakhelwane wakho.

Eks20:17 (Luk 12:15): “Ungafisi indlu yomakhelwane wakho; ungafisi umfazi womakhelwane wakho, nenceku yakhe, nencekukazi yakhe, nenkabi yakhe, nembongolo yakhe, nokunye okomakhelwane wakho.”



Isifundo 2: Impande yesono

Zikhona ezinye izono ezingabhalwanga kulezi ezingenhla, kodwa kukhona impande ejwayelekile yazozonke izenzo zokona. Iyini lempande? Bheka encwadini kaJohane 16:9.

Ngakhoke ukuqeda isono, umuntu kufanele aqale akholwe kuJesu Kristu!



Isifundo 3: Ubani umoni?

Funda kwabase Roma3:23 bese ubhala impendulo yakho.



Isifundo 4:Uyini umvuzo wesono?

Funda kwabase Roma6:23 bese ubhala impendulo yakho.



Isifundo 5: UNkulunkulu uyakuthethelela izono zakho

NgoJesu unokuthethelelwa kwezono. Halleluya! Funda lamavesi alandelayo ebhayibhelini bese udwebela amagama athi **ukusindiswa, ukuthethelelwa, izono:**

Math1:21 (Igama lika “Jesu” lisho insindiso) “Uzakuzala indodana, uyiqambe igama lokuthi uJesu, ngokuba nguye oyakusindisa abantu bakhe ezonweni zabo.”

Math26:28

“Ngokuba lokhu kuyigazi lami lesivumelwano, elathululwa ngenxa yabaningi kukho ukuthethelelwa kwezono.”

IzEnzo 10:43

“Ngaye bonke abaprofethi bafakaza ukuthi ngegama lakhe bonke abakholwa nguye bayakwamukela ukuthethelelwa kwezono.”

IzEnzo 13:38

“Ngakho-ke makwazeke kini madoda, bazalwane, ukuthi ngalowo kumenyezelwa kini ukuthethelelwa kwezono, nakukho konke...”

Uphenyo lweBhayibheli (ukuqhubeka)



Isifundo 6: UNkulunkulu uyasizonda isono kodwa uyamthanda umoni

Kwenzekani uma isoni siguquka? Funda ngokuka Luk 15:10.



Isifundo 7: UJesu wakwenzela yonke into ukuze usindiswe

Funda u 1 Petru 2:24 bese ugqwalisa izikhala.

Yena (uJesu) owathwala _____ zethu emzimbeni wakhe
e _____, ukuze kuthi _____ ezonweni
_____ ekulungeni.

Ngokuka Johane 1:29 ithi: Ngangomuso uJohane wabona uJesu eza kuye wathi: "Bheka, iWundlu likaNkulunkulu, elisusa izono zezwe!"

Kungani uJesu ebizwa "ngewundlu likaNkulunkulu"?

Funda ngokuka Johani 3:16 bese ubhala ngezansi. Bukeza lelivesi!



Kol 1:14

Isikhathi sokwenza

UJesu wakufela – futhi angayiguqula impilo yakho!

Yonke into uJesu ayenza, wayenzela wena. UNkulunkulu ufuna ukuba usindiswe, ukuze uphile naye. UJesu ufeze u 100% wako konke okufanele kwenzelwe insindiso yakho.

Lalela! UNkulunkulu ukunikeza isipho esiman galisayo manje. Ungaba ngumntwana kaNkulunkulu! Uma wake wathandazela insindiso ngaphambili, kodwa ungakaze uqiniseke ukuthi usuyamukele, uNkulunkulu ufuna ukuba wazi, ekujuleni ngaphakathi, ukuthi ungumntwana wakhe. Ngaso leso sikhathi, ufuna ukukwelapha. **UNkulunkulu ubelokhu ekumele impilo yakho yonke!** Uma uza kuye, angeke akubuze imibuzo eyinkulungwane! Kuphela uzothi “Uyafuna

Umbuso wobumnyama


Umbuso kaNkulunkulu wokukhanya



Namhlanje ungaqala entsha!

Bhala igama lakho:

Luk 15:20

yini ukwamukela lesisipho?” Ufuna ukukunika impilo entsha nemangalisayo – manje!

Yenza lokhu!

• Khuluma noNkulunkulu – uyakuzwa

Math 7:7-8

UNkulunkulu wathembisa ezwini lakhe ukuthi uzokuzwa uma ukhuluma naye, noma, ngolwimi lweBhayibheli, thandaza. Uma uthandaza uyakuzwa, futhi wenza lokhu akuthembise kona.

• Lalela uNkulunkulu

IzEnzo 16:31

“Kholwa yiNkosi uJesu, yikhona uzakusindiswa wena nendlu yakho.”

Joh 6:37

“Konke angipha kona uBaba kuyakuza kimi; ozayo kimi angisoze ngamlahlela ngaphandle.”

IsAmb 3:20

“Bheka, ngimi ngasemnyango ngingqongqotha; uma umuntu ezwa iZwi lami, avule umnyango, ngiyakungena kuye, ngidle naye, naye adle nami.”

Thandaza ku Nkulunkulu

Inkululeko yokusuka empilweni yakudala

“Baba, ngiza kuwe. Ngiyabonga ukuthi uthembisile ukungisusa embusweni wobumnyama wangisa embusweni wokukhanya. Ngiyazi ngiyisoni. Ngiyaxolisa, ngicela ungithethelele isono sami. Ngishiya impilo yakudala ngingena kwentsha kanye nawe!”

Unkulunkulu uyaphendula yebo!!!

uNkulunkulu uyaphendula

UJesu “yena owathwala izono zethu emzimbeni wakhe emthini, ukuze kuthi sesifile ezonweni siphile ekulungeni”
1 kaPetru 2:24

“...esithethelela izono zethu; esehlangule incwadi yecala lethu, emelana nathi ngemiyalo yayo, wayeyisusa ngokuyibethela esiphambanweni.”
Kol 2:13,14

Ukhulumela phezulu

Vuma uJesu njengeNkosi yakho kuphela

“Kusukela namuhla, ngiyavuma ukuthi uJesu Kristu wase Nazaretha nguye kuphela iNkosi yami. Uyinkosi ngiyabashiya bonke abanye onkulunkulu, futhi ngifuna ukukhonza uJesu ngayo yonke impilo yami nenhliziyo yami yonke.”

Sayina

Usuku

UNkulunkulu yathembisa

UNkulunkulu ufakaza yebo!!!

“Ngokuba uma uvuma ngomlomo wakho ukuthi uJesu uyinkosi, ukholwa enhliziyweni yakho ukuthi uNkulunkulu wamvusa kwabafileyo, uyakusindiswa.”
Rom 10:9,10

“Ayikho insindiso ngomunye, ngokuba alikho futhi elinye igama phansi kwezulu elinikiwe ebantwini esimelwe ukusindiswa ngalo.” Izenzo 4:12

Ukwemukela kwakho!

Qala umbonge uNkulunkulu ngakho konke akunike kona

• *Ususindisiwe*

Yithi: “Ngiyabonga, Nkosi, ukuthi ungisindisile empilweni yami yakudala yesono Halleluya!”

• *Uphilisiwe*

Ngesikhathi usindiswa, uJesu wathatha nokugula kwakho! “Welashwe ngemivimbo yakhe” (1 Pet 2:24). Qala umbonge ngokulashwa emzimbeni wakho!

Yithi: “Ngiyabonga, Nkosi Jesu, ukuthi uthwale ukugula kwami esiphambanweni. Ngamukela ukusinda kuzozonke izifo! Halleluya!” (Math 8:17)

• *Ukhululiwe*

“Ngakho-ke uma iNdodana inikhulula, niyakuba ngabakhululekileyo impela” (Joh 8:36)

Yithi: “Ngiyabonga Nkosi ukuthi ngikhululekile ngokuphelele kuwowonke amandla okucindezeleka! Ngikhululekile impela!!!”



Isikhathi sokudumisa

Manje dumisa uNkulunkulu. Mbonge ngakho akunike kona.

Ngiyakudumisa futhi ngiyakubonga ngakho konke ongenzele kona!
UnguNkulunkulu olungile!!

Ngiyabonga ukuthi manje ngiyazi ukuthi ngisindisiwe, noma ngingafa kulobu busuku, ngiyazi ukuthi ngizoya kuwe eZulwini. Halleluya!!!

(UNkulunkulu uzokusiza ukuthola amanye amazwi othando nawokubonga. Khumbula: isikhathi sokudumisa yinoma yinini!)

Isikhathi sokubukeza

Bukeza bese uyalikhuluma iZwi lika Nkulunkulu

Nanti ivesi leBhayibheli olibukezayo kuleliviki. Lifundele phezulu ngokuphindiweyo. Khetha amanye amavesi amabili eBhayibhelini kuso lesisifundo uwabukeze nawo kanjalo.

“Kanjalo uma umuntu

(*Bhala igama lakho*_____)

ekuKrestu, uyisidalwa esisha; okwakuqala kundlulile; bheka, sekuvele okusha!”

2Kor5:17

Ungagcwaliswa ngoMoya oNgcwele!

Ngalesifundo:

IBhayibheli lithi “Gcwaliswa ngoMoya oNgcwele!” (Efes 5:18). Lokho kusho ukuthi bonke abalandeli bakaJesu badinga uMoya oNgcwele. Uma umukela uMoya oNgcwele wamukela amandla kaNkulunkulu nempilo yakho izoguquka!

Izifundo zanamuhla yilezi:

- **Ngubani uMoya oNgcwele?**
- **Kungani udinga uMoya oNgcwele.**
- **Ugcwaliswa kanjani ngoMoya oNgcwele.**



1 Ngubani uMoya oNgcwele?

Dumisa uNkulunkulu! Usindisiwe manje! Umamukele uJesu Krestu ngokukholwa. Lesi yisinqumo esibaluleke kakhulu osithathile. (Uma ungabaza usindiso lwakho, phinda ufundisise isifundo sesibili.)

Ngenkathi wamukela uJesu, kukhona into eyenzeka ngokushesha kuwena, noma ngabe awuzwanga lutho. Kuthatha isikhathi eside ukuthi ubone konke okungokwakho kuKrestu. Namuhla uzongena ezweni elimangalisayo likaMoya oNgcwele; lokhu kulula ngoba usumukele uJesu Krestu wamenza iNkosi yempilo yakho.

UMoya oNgcwele nguNkulunkulu futhi uyasebenza kuwe!

2Kor3:16-18

UMoya Ongcwele nguNkulunkulu, futhi udlala indima ebalulekile ephathelene nempilo yakho.



Math 28:19

Ngubani uMoya oNgcwele? (ukuqhubeka)

Ezifundweni ezintathu zokuqala, ufunde ngakho konke Kozigquzintathu: uNkulunkulu uBaba, uNkulunkulu Indodana no Nkulunkulu uMoya oNgcwele. Kodwa ukuphila noNkulunkulu kukhulu kunokumazi. UMoya Ongcwele uzokusiza ukuthi umazise uNkulunkulu nokuthi usondelane naye. Usevele wenze izinto eziningi ezinhle kuwe. Ukuholele kuJesu futhi ngaphandle kwakhe ubungeke umvumele uJesu abe yiNkosi.

Ukulandela uJesu akusiko ukuhlakanipha kwakho, kodwa ukuphila ngokoMoya!

ITesitamente elidala lisithembisa uMoya oNgcwele

Umsebenzi kaMoya oNgcwele ngaphambi kuka Jesu

Sidalwa
uJosefa
Angamashumi
ayisikhombisa
Abahlulileli:
uGidion
Amakosi:uDavide
uElija umprofethi
ulsaya
umprofethi
uHezekeli
umprofethi
uZakariya
umprofethi
uJoweli
umprofethi
Ukukhula
nokuthemba

Izithembiso zika Moya – Nokuthemba uJesu

Indalo
uJosefa
Angamashumi ayisikhombisa
uGidion
iNkosi uDavide
uElija
Abaprofethi
Ukukhula nokuthemba

*U*Genesisi 1:2
*U*Genesisi 41:38
*U*Numeri 11:25
*Ab*Hluleli 6:34
1 Sam 16:13
2 Amkhosi 2:15,16
Isa 44:3, *Hez* 36:26, 27, *Zak* 4:6
Mak 1:7,8

Gen 1:2

Asiqale ekuqaleni! UMoya oNgcwele wayekhona endalweni. Uhlala ekhona uma uNkulunkulu enza imisebenzi yezimangaliso zakhe.

Num 11:25

Wayesebenza nasebaholini bakwa Israyeli kanye naba profethi.

Hez 2:2

Kodwa eminyakeni eyikhulu, abaprofethi bakhuluma ngokunye okungcono. **Baprofitha ukuthi uMoya oNgcwele uzoza**

Joweli 2:28,29

phezu kwabo bonke abantu, emadodeni nabesifazane, ngisho nabafana namantombazane. UMoya kaNkulunkulu uzoza ushintshe

Hez 36:26,27

izinhliziyu zethu asigcwalise ngaye, nangothando, nokukholwa namandla. Wow! Lezi kwakuyizethembiso zika Nkulunkulu kithi.

Wazigcina ngokupheleleyo ngoJesu!

UJesu naye ngokwakhe wayegcwaliswe ngoMoya oNgcwele

Luk 1:35

IBhayibheli lithi uJesu naye azange avele azalwe ngoMoya,

Luk 4:1

kodwa wagcwaliswa, wagcotshwa ngoMoya oNgcwele

IzEnzo 10:38

(kusho ukuthi uMoya wagcwala kuye wasebenza kuye).

Wayeholwa nguMoya, njengoba nami nawe singabanjalo!

1 Joh 4:17
Jon 14:12

Angeke sibe njengo Jesu ngoba yena uyiNkosi. Kodwa ucela sibe yilokhu uJesu ayikho nabalandeli bakhe ukuthi bafane naye. Usethembisile nokuthi sizokwenza izinto yena azenzile – ngisho nezimangaliso ezinkulu. Kanjani? NgoMoya oNgcwele! Lesifundo sizokufundisa ukuthi lokhu kwenzeka kanjani.

UJesu noMoya

UJesu wazalwa

- Wakhulelwa ngoMoya *Luk 1:35*
- Wazalwa ngu Mariya *Luk 2:7*

Ubufundisi ngokoMoya

- UJesu wakhula ngokuhlakanipha nangesiqu iminyaka engu 30
- UJesu wabhabhathiswa futhi wagcwaliswa ngoMoya ngokoMoyo oNgcwele *Luk 3:21, 22, 4:1*
- Ubufundisi (iminyaka emithathu) emandleni kaMoya *IzE 10:38*



UJesu wanika uMoya

- Wathembisa ukuthumela uMoya oNgcwele kithi *Joh 16:7*
- UJesu wafa kodwa wavuswa *Joh 19-21*
- UJesu wanikela ngoMoya *IzE 2*

UJesu wathembisa ukusinika uMoya oNgcwele

Jon 16:5-7
Jon 17:26

UJesu wakhuluma into ebalulekile kubafundi bakhe: "...kunilungele ukuba ngimuke; ngokuba uma ngingamuki, uMduduzi (uMoya Ongcwele) kayikuza kini;..." Cabanga nje, yini eyayingedlula ukuba noJesu kwa Israyeli yonke leyo minyaka eyandlula? Noma kunjalo uJesu wathembisa ukuthi ngokoMoya oNgcwele uyohlala phakathi kwethu ngaso sonke isikhathi!

Luk 24:49
Jon 14:16

Phakathi kwezinsuku zakhe zokugcina emhlabeni, uJesu wathembisa ukuthi uzothumela uMoya oNgcwele: "Bhekani, ngiyathumela kini isithembiso sikaBaba; kepha hlalani emzini, nize nembathiswe amandla avela phezulu." Kuyezwakala ukuthi uMoya oNgcwele uyindima yakho konke lokho uJesu ayefuna abalandeli bakhe bakwenze uma yena esehambile. Ngokushesha, wabatshela: "Ningamuki eJerusalema, kodwa nihlalele isithembiso sikaYise enasizwa ngami." Naye ushilo: "...kepha nina **nizakubhaphathizwa ngoMoya oNgcwele kungakadluli** izinsuku eziningi."

IzEnzo 1:4,5



2 UJesu ubhabhathisa ngoMoya oNgcwele

Zak 4:6
Joh 16:17

UJesu waye kade azi ukuthi ngaphandle kuka Moya oseben za ebanganini bakhe angeke kube namandla nothando lukaNkulunkulu. Ngaphandle kukaMoya oNgcwele, izinhloso zika Nkulunkulu bezingeke zifezeke. Kufana nami nawe. Sidinga uMoya Ogcwele ukuze siphile impilo uNkulunkulu ayifunayo ngathi. Ake sibone ukuthi uthini uJesu ngesethembiso sakhe sokuthumela uMoya.

1. UMoya uzogeleza njengomfula ngaphakathi kwakho

Joh 7:37-39

UJesu wayekhuluma ngogqozi uma ekhuluma ngoMoya oNgcwele, ngoba wayefuna abantu bamazi. Kwathi iJerusalema igcwele abantu, wamemeza ngezwi elikhulu ngoMoya oNgcwele: "Uma ekhona owomileyo, akeze kimi, aphuze. Okholwa yimi, njengokusho kombhalo, esiswini sakhe kuyakugobhoza **imifula** yamanzi aphilayo. Washo lokho ngoMoya abakholwa nguye, ngokuba uMoya wayengakafiki, lohu uJesu wayengakakhazimuliswa." "Noma ngubani" uchaza ukuthi wonke okholelwayo uzobona amandla awaphiwa ngu Moya oNgcwele. Futhi uzobona umehluko uma eza: ngamandla amakhulu imifula yempilo kaNkulunkulu izogobhoza ngaphathi kwakho!

Zak 14:18
Isaya 12:3

IzEnzo 1:5

2. UJesu uthi "uzobhabhathiswa ngoMoya oNgcwele"

Izincwadi eziningi zeThesitamente elidala zazibhalwe ngolwimi lwesi Greeki. "Ukubhabhathisa", ngesiGreeki, kusho "ukucwilisa", "phakathi", "ekujuleni", kwamanzi. Kungachaza "ukuminza". UJesu ufuna ukuthi wena ucwiliswe kuMoya Ongcwele, manje usengaphakathi, ngaphandle nakuyoyonke indawo kuwe. Uma lokhu kwenzeka, uzobona kuba khona uguquko empilweni yakho. Bheka izimangaliso uMoya oNgcwele azenzayo ebanganini bakaJesu uma sebe cwiliswe kuye:

Math 26:69-75
IzEnzo 2:14
IzEnzo 2:2-4

- UPetru owaye yigwala, waba ngufakazi wokungesabi! Nawe ungaba nguye!
- Bonke baqala ukukhuluma ngezilimi ezahlukene! Nawe ungakwenza lokho!

IzEnzo 2:40, 41
zEnzo 2:47; 6:7

- Idlanzana lokuqala labakholwayo laba yisonto elakhula ngokushesha; uJesu wayezuzelwa abantu abasha zinsuku zonke. Nawe ungamzuzela abanye!

IzEnzo 3:1-10

- Wona lawo mandla okuphilisa uJesu ayenawo ayesetholakala na kubalandeli bakhe! Angaba khona nasempilweni yakho nawe.

Rom 5:5
IzEnzo 4:32-35

- Okubaluleke kakhulu kunakho konke, ukuthi izinkulungwane zamakholwa zaqala zahlala othandweni luka Nkulunkulu. Bahlukaniselana yonke into, basizana ngezindlela ezahlukeneyo. UMoya oNgcwele uletha uthando olufana nalolu empilweni yakho nawe! Uyisipho sesithembiso sika Baba kubo bonke abakholelwa kuJesu, futhi wenza wonke umehluko emhlabeni!

3. Isikhathi sokuqala kuka Moya oNgcwele

Ngosuku uMoya oNgcwele wafika ngalo kwakungukuguquka komlando womhlaba. Lokhu esasithenjiswa kona eminyakeni eyikhulu eyedlule kwakuba yiqiniso. Isikhathi sokusha sesiqalile – isikhathi sikaMoya oNgcwele. Sisaphila kuleso sikhathi namanje. “Ngokungazelelwe kwavela ezulwini inhloko kwangathi eyokuvunguza komoya onamandla; yona yagcwalisa indlu yonke...

IzEnzo 2:2-4

Base begwala bonke uMoya oNgcwele, baqala ukukhuluma ngezinye izilimi, njengalokho uMoya wabapha ukuphumisela.” UMoya ongcwele waguqula izimpilo zabo, futhi ngabo yonke iJerusalema yaguquka.

IzEnzo 10:44-47

Uthando namandla kaMoya Ongcwele zazingemiswe yilutho! Lokhu kuguquka kwezimpilo kwaze kwaqhubeka kwenzeka – nangaphandle kwe Jerusalema. UCornelius nabangani bakhe nezihlobo, nazo, babhabhathiswa ngoMoya. UJesu wathumela uMoya kubo, njengoba enzile ku Petru nabanye. Futhi kusaqhubeka kuyenzeka!

4. UMoya oNgcwele ukhona manje

Kusukela lelo langa uMoya weza, uselokhu ekhona kwaba momele, njengoba uJesu ethembisile.

Uma womile, uyaphuza. Uma womele uNkulunkulu, cela kuye isipho sika Moya oNgcwele. Yamukela uMoya oNgcwele njengokuba wamukele uJesu. Cela ukuthi angene empilweni yakho. UMoya uzoza njengoba noJesu weza! UNkulunkulu akakhombisi ukubandlulula! Wabethusa abafundisi baka Petru ngoku banikezela uMoya Ongcwele ebantwini abawubala abafana, nabezizwe nama Samariya. Isithembiso esawo wonke umuntu, kanye nami nawe: “Khona niyakwamukeliswa isiphiwo sikaMoya oNgcwele.

IzEnzo 2:38,39

Ngokuba isithembiso nesabantwana benu, esabo bonke abakude, bonke iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza.” Lalela: “Ngakho-ke uma nina eningababi nikwazi ukubapha abantwana benu izipho ezinhle, **kakhulu kangakanani uYihlo osezulwini uzakubapha abacela kuye uMoya oNgcwele!”** Wonke umuntu ocelayo uyakuthola! Lokho akucelayo ngisho nawe.

Luk 11:13

1 Kor 2:12

Lesi isithembiso esihle esivela kuNkulunkulu uBaba! Mdumiseni uNkulunkulu ngothando olukhulu analo kithi!

Uphenyo yeBhayibheli

Unjani uMoya oNgcwele?

Amahora okugcina aka Jesu nabafundi bakhe ayebaluleke kakhulu. Ngalesosikhathi, wabatshengisa inhloso yakhe, lokhu kumayelana nezinto eziningi zoMoya oNgcwele. Inhloso yakhe kwakungesiyo eyabafundi bokuqala kuphela, kodwa kwakungeyakho nami kanjalo ku kuJohane 14:15 kufikela 16:16 uJesu usitshela ukuthi unjani uMoya oNgcwele. Ake sifunde lengxenywe.



- ✓ Qala ufunde kuJohane 14:15 kufikela 16:16 udwebele amagama “uMoya” no “meluleki”. “Umeluleki” elinye igama lika Moya oNgcwele.



- ✓ Okwesibili, bhala izinto uJesu akutshela zona ngoMoya oNgcwele

– Chaza uMoya oNgcwele ukuthi ungubani:



– Bhala phansi ukuthi uJesu uthi uzokwenzani uMoya oNgcwele.



✓ Okwesithathu, funda lamavesi alandelayo ubhale phansi ukuthi kwenzekalani kubafundi uma uMoya oNgcwele uza kubona:



IzEnzo 2:4 _____

IzEnzo 2:17 _____

IzEnzo 5:32 _____

IzEnzo 7:55 _____

IzEnzo 8:15-17 _____

IzEnzo 8:29 _____

IzEnzo 9:31 _____

IzEnzo 10:44-46 _____

IzEnzo 11:28 _____

IzEnzo 13:52 _____

IzEnzo 19:6 _____



Ef5:18-20

3 Kungani udinga ukugcwaliswa ngoMoya oNgcwele

IBhayibheli lithi: “Gcwaliswa ngoMoya oNgcwele.” Amakholwa okuqala onke ayegcwalisiwe! Kodwa kungani sidinga ukugcwaliswa ngoMoya oNgcwele? Ake sibheke imibuzo ethembekileyo kithi.

- **Ngabe ngithanda ngokuphelele, nangokothando olungenamona?**

Yebo Cha

Joh 13:34

Uthando luyisithelo sikaMoya. Iphupho leNkosi ukuthi sonke sigcwaliswe ngothando lwakhe. UJesu wathi, “Umthetho omusha engililika wona: Thandanani.” Uzonisiza. Uthi uMoya oNgcwele ungumxazululi: “UNKulunkulu uthele uthando lwakhe ezinhliziyweni zethu ngoMoya oNgcwele, asinike wona yena.” Imifula yothando izogobhoza kuwe! UPawula wakuchaza lokhu njengesithelo sikaMoya.

Rom 5:5

Gal5:16-26

- **Ngabe nginabo ubufakazi obunoqgozi ngoJesu?**

Yebo Cha

Uma uphendule wathi “cha”, lokho kungaguquka uma wena uvumela amandla kaMoya ongcwele empilweni yakho.

IzEnzo 1:8

UMoya oNgcwele uzokunika amandla ukuthi wena ukwazi ukufakaza ngoJesu. UJesu wathi: “kodwa nizakwamukeliswa amandla, uMoya oNgcwele esefikile phezu kwenu nibe ngofakazi bami.” Uma uphendule wathi “Yebo”, uMoya oNgcwele uzokunika isibindi esikhulu wandise ukuthokoza namandla okuzuzela uJesu abanye abantu.

- **Ngabe ngiyaliqondisisa iBhayibheli nezethembiso zika Nkulunkulu kimi?**

Yebo Cha

1 Kor2:12

Ef1:17,18

UMoya oNgcwele uzokusiza ukuthi uqondisise iBhayibheli nazozonke izithembiso zika Nkulunkulu. Siwamukele “uMoya oNgcwele ovela eNkosini, lokho kusho ukuthi sifanele sibone ukuthi uNkulunkulu usinike ngokukhululeka okunjani.” UMoya wokuhlakanipha nesambulo kuletha ukukhanya emehlweni womuntu ongaphakathi kwakho. Ngaphandle kukaMoya oNgcwele, angeke wazi izinhlelo nezinjongo zikaNkulunkulu.

1 Kor 12:7-11

- **Unaso yini isiphiwo sikaMoya lesi uPawula akhuluma ngaso? Uyabaphilisa abanye, unamazwi okuhlakanipha, noma izibikezelo, noma ukukhuluma ngezilimi?**

Yebo Cha

1 Kor 14:1

UMoya oNgcwele nguye onikela ngalesipho emakholweni alambele kona. IBhayibheli lithi: “Izifiso zeziphso zikaMoya.” Zingezakho!

Usebenze kanjani?

Uma wenze o "Cha"abane, ungakhathazeki. Sikhona isixazululo. UNkulunkulu uzoguqula izimpendulo zakho ezingalunganga azenze ezilungile! Isixazululo sakhe uMoya oNgcwele. Bhabhadiswa ngoMoya oNgcwele ucele uMoya oNgcwele akugcwalise nsuku zonke. UMoya oNgcwele ungumngani omuhle. Ungumsizi wakho Ungumaluleki wakho. Nguye Yena okuholela eqinisweni. UMoya oNgcwele uzoguqula impilo yakho uma wena umvumela ukuthi enze ngendlela yakhe zonke izinsuku. Kodwa kuqala ufanele ubhabhadiswe ngoMoya oNgcwele. Kungenzeka kanjani lokhu? Qhubeka ufunde.



Jak 2:17

Isikhathi sokwenza

Ukholo luzibonakalisa ngokwenza

Uma ufunda, ukhuluma noma ucabanga nje kuphela, kodwa ungenzi lutho ukholo lwakho angeke lusebenze! Kulesisifundo, sicela ukuthi wamukele loko uNkulunkulu akwethembise kona.

IzEnzo:2:4

Uzobona amandla afana nalawo agcwala kubantu bokuqala ababhabhathiswa ngoMoya oNgcwele. “Base begcwala bonke uMoya oNgcwele, baqala ukukhuluma ngezinye izilimi, njengalokho uMoya wabapha ukuphumisela.”

1. Ubhabhathiso lukaMoya oNgcwele olwawo “wonke umuntu”

Ukuthi “**bonke**” bagcwaliswa ngoMoya oNgcwele. Kwakungabantu abayikhulu namashumi amabili, abesilisa nabesifazane benezimo ezahlukahlukene empilweni. Akudingeki ukuthi ube neziq eziphezulu ukuthi wamukele uMoya oNgcwele. Kuphela ofanele ukwenze ukuvuma ukuthi uJesu Kristu uyiNkosi.

2. “Bonke bagcwaliswa...”

Bonga uNkulunkulu manje: “Baba, ngiyabonga ukuthi sengikulungele ukwamukela uMoya oNgcwele ngoba ngiyakholwa kuJesu.”

Izenzo 19:6

Uma ucela, uzokwamukela. Akufanelanga ulinde, ngoba uMoya usuwunikiwe vele. EBhayibhelini, ikholwa lalibeka izandla ebantwini ababelambe uMoya oNgcwele. **Ngokushesha babewamukela futhi babegcwaliswa.** Wamukele uJesu ngokuthatha isinqumo, hhayi ngoba uzwe okuthile. Uthi: “Jesu, ngiyakwamukela njengomsindisi wami.” Yenza kanjalo nangoMoya oNgcwele, ngokushesha uzogcwaliswa. Abanye abantu bezwa ubukhona bakhe masishane, kodwa abanye ababuzwa. Kodwa ungayi ngemizwa yakho. Themba izithembiso zikaNkulunkulu. Uma nje usucele uBaba ukuthi akuphe uMoya oNgcwele, uzokwenza lokho. Uzoqala ukwazisa ubukhona namandla kaMoya oNgcwele.

Luk 11:13

Buza uBaba manje: “Baba ngicela ungigcwalise ngoMoya oNgcwele. Ngiyawamukela manje, Amen.” Khona lapho ngokushesha qala ukumbonga.

3. "Baqala ukukhuluma ngezilimi ezahlukene ngoba uMoya wabanika amazwi abazowasho"

UJesu wathi abakholwayo bayakukhuluma ngezilimi ezintsha, yikona lokhu okwenzekayo manje. UMoya oNgcwele ubanika izilimi ezintsha, abangazange bazikhulume ekuqaleni. Encwadini yeZenzo, amakholwa amasha amukela uMoya, akhuluma ngezilimi aprofetha. Lezizipho ngezakho nawe!

IzEnzo 19:6
1 Kor 14:1-5

✓ Isipho sezilimi siyisiphiwo semvelo

Uma ukhuluma ngezilimi ukhuluma noMoya wakho, ngoMoya oNgcwele ongaphakathi kwakho. Angeke usakhuluma ngezilimi ezinye ozaziyo. Awukhulumi ngomqondo wakho, kodwa ngomoya wakho. Vele ume ukukhuluma ulwimi lwakho uqale ukudumisa uNkulunkulu ngomoya wakho. Kufana nokulalela umsakazo: ungacima isiteshi sokuqala ngoba ufuna ukulalela isiteshi sesibili. Manje cima ulwimi lakho. Ngokuthula khuluma nenqondo yakho, qala ukukhuluma noMoya, ngezilimi!

1 Kor 14:13-17

✓ Wuwe okhulumayo, hayi uMoya oNgcwele

Uma uqala ukukhuluma ubonga uNkulunkulu, uMoya oNgcwele ngokwemvelo uzokunika amagama amasha amangalisayo. Bheka futhi evesini. Lithi: **Baqala ukukhuluma.** Ungaqala ukukhuluma. Uma nje uvula umlomo uqala ukukhuluma, angeke ukhulume olunye ulwimi, ngisho nezilimi! Uma ugcwalisa amaphapho akho ngomoya, uvule umlomo wakho ukwenza umsindo wokuthi uqale ukukhuluma, uMoya uzokunika amagama. Phimisa noma ngabe yimaphi amagama alula ekuqaleni.

IzEnzo 2:4

✓ UMoya ukunika amagama!

Ungesabi ukukhuluma amagama okungesiwo. Uma ucela, uzomukela uMoya oNgcwele, akukho okunye. Uzokhuluma amagama amasha, aseZulwini.

Math 7:9-11

✓ Qala manje!

Vala amehlo akho, bese uphakamisa izandla zakho, uqale ukudumisa uNkulunkulu ngezilimi ezintsha. Kuzokwenzeka! Ungavumeli uSathane atshontshe lesiphiwo sakho. USathane ungumqambi manga. Angazama ukukutshela athi: "Uyazenzela ngokwakho." Kodwa wena wazi kangcono: uNkulunkulu uthembekile ezithembisweni zakhe! Khuluma ngezilimi zonke izinsuku, izikhathi eziningi ngosuku, impilo yakho yonke. Abanye baqala ngomfula wamagama, abanye baqala ngezinhlavu ezincane zamagama. Lokho akusho lutho. Lesi isiqalo sezimangaliso!

Nginyanibingelela bosisi/nani bobhuti kuJesu Kristu,

Dumisani uNkulunkulu ngesipho sikaMoya ONgcwele! Uzoba umngane abe uMaluleki wenu. Thembela kuye ngasonke isikhathi, noma kusiphi isimo. Uzokugcwalisa ngothando luka Nkulunkulu namandla, futhi akuhole endleleni efanelekileyo empilweni yakho. Ungene ebudlelwaneni obuhle noMoya oNgcwele. Zinsuku zonke cela uBaba ukuthi akugcwalise, akugcine ugcwalisiwe ngaye (KwabaseEfesu 5:18-20). Lokhu kusengukuqala, kodwa kungukuqala okumnandi!

Ungakuthola kukusiza kakhulu ukufunda lesisifundo futhi. Lokhu okwamukele namhlanje kungashintsha impilo yakho yonke!



Isikhathi sokubukeza

Bhala amavesi aseBhayibhelini ephepheni, uwafunde izikhathi eziningi usuku nosuku – ebasini, ngesikhathi sokuphumula, noma nomndeneni wakho ngesikhathi sokudla.

“Base begcwala bonke uMoya oNgcwele, baqala ukukhuluma ngezinye izilimi, njengalokho uMoya wabapha ukuphumisela.”

IzEnzo 2:4

“Ithemba alijabhisi, ngokuba uthando lukaNkulunkulu lutheliwe ezinhliziyweni zethu ngoMoya oNgcwele esimuphiweyo.”

Rom 5:5

Izwi lika NKulunkulu – Liyiqiniso elizokukhulula!

Ngalesifundo:

Inkululeko yeqiniso iza ngokuphila ngeZwi lika Nkulunkulu. LiyiBhayibheli futhi seliqalile ukusebenza ngaphakathi kuwe. IBhayibheli likukhombisa iqiniso elizokukhulula. Leliqiniso lizoguqula impilo yakho!

Namuhla uzofunda ukuthi:

- Liyini iZwi lika Nkulunkulu.
- Lisebenza kanjani.
- Lingakukhulula kanjani.



1 Liyini iZwi likaNkulunkulu?

Izwi lika NKulunkulu selikhiqize into enhle kakhulu empilweni yakho – insindiso yakho. Lokhu kwenzeka ngeZwi lika Nkulunkulu:

- Uzwire mayelana neZwi likaJesu.
- Wemukela izithembiso eZwini lakhe.
- Wakhuluma ngokwe Zwi.
- UNkulunkulu wenza njengokuba kubhaliwe eZwini:

1Pet 1:23-25

“Senizelwe kabusha kungengambewu ephelayo kodwa ngengapheliyo, ngezwi eliphilileyo nelimiyo lika Nkulunkulu.”



Jak 1:18

Liyini iZwi likaNkulunkulu? (ukuqhubeka)

IBhayibheli lithi usuzelwe kabusha ngokweZwi. Uyabona yini – uNkulunkulu usebenzise iZwi ukukusindisa? Kodwa lokhu kuseyisiqalo; uzophila ngamandla eZwi impilo yakho yonke!

IZwi likaNkulunkulu liyiBhayibheli – futhi iBhayibheli liyiqiniso

IZwi lika Nkulunkulu liyiBhayibheli, incwadi ongaba nayo futhi ukwazi nokuyifunda. Lesi isipho esihle. UJesu wazi ukuthi angeke akwazi ukuhlala nathi ngaloko waba nesixazululo. “Uma nimi ezwini lami, ningabafundi bami isibili.” Izimfundiso zika Jesu zise Bhayibhelini.


Joh 8:31

UNKulunkulu waphefumulela impilo yakhe eBhayibhelini

IBhayibheli akusiyi incwadi ejwayelekile. UMoya oNgcwele wakhuluma ezithunyweni zika Nkulunkulu, zabhala phansi ukuthi ubatsheleni. “Yonke imibhalo iphefumulelwe nguNkulunkulu ilungele ukufundisa, nokusola, nokuqondisa, nokuyala ekulungeni, ukuze umuntu kaNkulunkulu aphelele, apheleliselwe yonke imsebenzi emihle.”

2Thim 3:16,17

Ithestamente Elisha
amabuku 27



ITestamente Elidala
amabuku 39

Incwadi uNkulunkulu asinike yona

Okubhaliwe eBhayibhelini yiZwi lika Nkulunkulu. UNkulunkulu wasebenzisa iBhayibheli ukukhuluma nabantu ngomlando. Aveziwe amandla eqiniso likaNkulunkulu elizokukhulula eBhayibhelini. Lizokusiza futhi likufundise ngaso sonke isikhathi olivula ngaso!.

Liphethe ini iBhayibheli?

IBhayibheli linezinxenye ezimbili: ITestamente elidala neTestamente elisha. ITestamente elidala lalikhona gesikhathi sika Jesu, iTestamente elisha lona labhalwa emva kwesikhathi. Lisichazela ngeqiniso lika Nkulunkulu ngendlela yemfundiso kaJesu nabafundi bakhe. Yonke imibhalo engaphakathi kulo iyiqiniso futhi ligcwaliswe ngamandla kaNkulunkulu. UJesu wathi: “Ngokuba ngiqinisile ngithi kini; Kuze kudlule izulu nomhlaba, akusoze kwadlula gamana linye nasicashana sinye somthetho, (esiya ku shabalaliswa) kuze kufezeke konke.”

Heb 4:12

Math 5:18

Ake sifinqe esesikufundile:

- IBhayibheli liyiZwi lika Nkulunkulu futhi angeke lize liguquke.
- IBhayibheli liyisikhiye sokuhlala eduze kukaNkulunkulu.

Isaya 40:8

Joh 8:31,32



Joh 1:1

Gen 1:2

2 UJesu uyiZwi likaNkulunkulu

IBhayibheli, yiZwi lika Nkulunkulu, lijulile kunencwadi ejwayelekile. UJesu uyiZwi. Wayekhona uma uNkulunkulu edala umhlaba.

1 Joh 1:1

Ngokuzalwa ku kaJesu, iZwi lika Nkulunkulu kwaba iqiniso elibambekayo futhi eli bonakalayo nge simo so muntu. UJesu iZwi lokuphila. “Lokho okwakukhona kwasekuqaleni, esakuzwa sakubona ngamehlo ethu, sakubheka, nezandla zethu zakuphatha, okweZwi LokuPhila.”

IZwi lingena ekhaya lakho

Uma uvumela iZwi likaNkulunkulu lingene ekhaya lakho, esikolweni sakho, noma emsebenzini wakho – uJesu naye uyangena. Kukhona angakusho mayelana neminingwane yonke yempilo yakho. Cabanga uJesu esekulandela imini yonke, ehlala,esebenza, ehamba, ekhuluma nawe! Lokhu kungenzeka uma uvumela iZwi ligcware enhlizweni nasenqondweni yakho. UJesu, yiZwi lika Nkulunkulu, lihamba nawe! Kanjani? NgeBhayibheli, lapho uzothola amazwi ka Jesu akunika impilo.

1Kol3:16

IZwi likaNkulunkulu linguMoya nokuphila

iBhayibheli alisiyo incwadi yamagama ejwayelekile. Lamagama akulo aqukethe impilo, inhlobo yempilo kaNkulunkulu. Kodwa kufanele uvule iBhayibheli wamukele iqiniso. Kulapho iqiniso lizoqala ukuphila ngaphakathi kuwe. Uma iBhayibheli lakho lihlala eshalufini lakho, nakhona liseyiqiniso, kodwa ayikho into ezokwenzeka.

Joh 6:63

UJesu wathi: “...amazwi engiwakhuluma kini angumoya futhi angukuphila.” Amazwi aseBhayibheli ahlukile kunawo wonke amanye amazwi. AnguMoya – futhi uMoya unguNkulunkulu uqobo lwakhe. Lokhu kusho ukuthi uma wamukela amazwi aseBhayibheli, uMoya kaNkulunkulu uzoqala ukukuguqula. Uthando lukaNkulunkulu luzongena ngaphakathi kuwe.



AmaH 107:20

3 IZwi liqala ukukuguqula

Izinto ezisempilweni yakho ezithintwe yiZwi zizoqala ukuguquka. Uma ugula futhi ufunda ukuthi uNkulunkulu uthini ngokupholisa, ukuphola kuza kuwe ngeZwi: “Wathumela kubo iZwi lakhe labaphilisa.” Ayikho enye into enje enamandla okuguqula impilo! Ngaloko lifunde iBhayibheli, ukhulume ngezithembiso futhi uxhile eZwini likaNkulunkulu.

IZwi likaNkulunkulu: yisisekelo esiqinileyo

Umhlaba wethu unezinguquko ezishintsha njalo: zonke izinto, imicabango, uhlelo ngisho nolwazi imbala. Noma kunjalo uJesu uthi: “Kuyakudlula izulu nomhlaba, kepha amazwi ami awasoze adlule.” Ngakhoke Izwi likaNkulunkulu lu liyidwala eliqinile ongema kulo. “Wamisa izinyawo zami edwaleni, waqinisa izinyathelo zami.” Ufanele wazi ukuthi uNkulunkulu uyazigcina izithembiso zakhe. “Ngokuba Izwi leNkosi lilungile futhi liyiqiniso; uthembekile kukho konke akwenzayo.”

Math 24:35

AmaH 40:2

AmaH 33:4

Math 7:7

Joh 15:7



Izwi liqala ukukuguqula (*ukuqhubeka*)

Ake senze okubonakalayo, ngoba uNkulunkulu naye ukwenza konke akushoyo. Uma unesithembiso esivela eZwini likaNkulunkulu ngesimo okuso, kufanele uhlale kuso leso sithembiso noma ngabe uzizwa kanjani noma ngabe abantu bathini. Izwi lika Nkulunkulu liqinile kunomhlabathi ongaphansi kwezinyawo zakho. Ngelinye ilanga lokho kuzo nyamalala, kodwa izwi likaNkulunkulu lizohlala limi ngonaphakade!



Isibonelo sokuma eZwini lika Nkulunkulu

Vumela amandla kaNkulunkulu angene empilweni yakho!

1 Kor 1:18

UMphostoli uPawula uthi: Umlayezo wesiphambano (lapho uJesu afela mina nawe khona) ngamandla kaNkulunkulu kithi thina esisindisiwe. Wow! Wona lo mlayezo wesiphambano ugcwaliswe ngamandla kaNkulunkulu.

- Uma uzizwa sengathi unecala futhi awukhohlwa yizinto oke wazenza, noma ngabe se wayicela intethelelo kuNkulunkulu, khumbula ukuthi uJesu wenzani esiphambanweni bese uyakhuluma: ***“Uma sizivuma izono zethu, uthembekile ulungile ukuba asithethelele izono, asihlambulule kukho konke ukungalungi.”***

1 Joh 1:9

- Uma uzwa ngathi uwedwa akunamuntu okunakile, cabanga ukuthi kwenzekani esiphambanweni bese uthi:

Gal 4:6,7

UNkulunkulu uthumele uMoya weNdodana yakhe enhliziyweni zenu omemeza ethi: “Aba, Baba!” Njalo-ke awuseyiyo inceku, kepha usuyindodana.

1 Pet 2:24

- Uma ugula, udinga usizo luka Nkulunkulu, khumbula ukuthi uJesu wenzani esiphambanweni enzela wena uku phila kwakho bese uthi: ***Ngemivimbi yakhe ngiphilile.***

Uzwile ukuthi uPawula wathini – ngaphezulu-wona lowo mlayezo ngesiphambano amandla kaNkulunkulu! Lawo mandla angeza empilweni yakho uma wazi izithembiso zika Nkulunkulu futhi umethemba ukuthi uzoguguqula impilo yakho ngokweZwi lakhe.

IZwi likaNkulunkulu liletha ukuqonda

AmaH 119:105

Kaningi, sidinga ukuqonda. Sinokucabanga ukuthi singenzani nokuthi singayaphi. IZwi likaNkulunkulu liyisibane ezinyaweni zakho nokukhanya endleleni yakho! IBhayibheli linako elikushoyo maqondana nayo yonke imininingwane yempilo yakho. Uma uphikelela ukufunda iZwi lika Nkulunkulu, luningi usizo kanye nokuqonda ozokwamukela. UNkulunkulu uzokufundisa ngeZwi lakhe ukuthi ungayiphila kanjani impilo yothando ebuhleni bobukhona bakhe.

Imibuzo yeBhayibheli



Isifundo 1: Ngezansi kukhona amavesi eBhayibheli achaza iZwi lika Nkulunkulu. Wabheke uwafunde bese ubhala phansi ukuthi asho ukuthini.

2 Sam 22:31

IzAga 30:5

Joh 17:17

Heb 4:12

Fil 2:16

AmaH 119:103

AmaH 119:130

Joh 6:63

Uphenyo yeBhayibheli (ukuqhubeka)



Isifundo2: Bhala izihlandla ezintathu lapho udinga uNkulunkulu akuguqule khona noma aguqule isimo okuso:

- 1. _____

- 2. _____

- 3. _____



Manje sebenzisa incwajana ethi “Amazwi oMoya nokuPhila” thola amavesi eBhayibhelini aleso naleso sihlandla osibhalile ngenhla. Bhala amavesi akho ngenzansi futhi uthembe lokhu uNkulunkulu akushoyo. Bambelela ezithembisweni zakhe!

- 1. _____

- 2. _____

- 3. _____



Isikhathi sokwenza

IZwi lika Nkulunkulu liyithinta kanjani impilo yakho nekhaya lakho? Nge ngxoxo! Uma ukhuluma ngeZwi lika Nkulunkulu ngokukholwa, amandla ka Nkulunkulu ayehla enze izimangaliso. Uma uzikhumbuzisa ukukhuluma iqiniso lika Nkulunkulu, angeke impilo yakho iphinde ifane futhi.

1. Gcwalisa ikhaya lakho ngeZwi lika Nkulunkulu

IzA 4:20-22

Gaxa amavesi eBhayibheli ebondeni lakho. Phatha amavesi afinqiwe ephesini yakho – wasebenzise jengezibekiso zencwadi.

2 Kor 5:17

Zikhumbuze ngamaqiniso eZwi lika Nkulunkulu, isibonelo: Ngiyisidalwa esisha kuKristu uJesu, ngiphilile ngemivimbi kaJesu, nokunye okuningi ongakusho. Uma uphikelela ukutshala okuningi ngeZwi lika Nkulunkulu empilweni yakho nokhoho lwakho luzophikelela lukhule.

1 Pet 2:24




2. Sebenzisa incwajana yakho, "Amazwi oMoya nokuPhila"

Lena incwajana enobambiswano kanye nosizo etholakala phakathi kwencwadi yezifundo ze "Sango LokuPhila". Gcina le ncwajana eBhayibheleni lakho, esikhwameni sakho, noma ekhikhini lakho. Iqukethe imibhalo efinqiwe kodwa ejulile.

Uyisebenzisa kanjani lencwajana ethi "Amazwi oMoya nokuPhila"?

1. Yikhiphe lapho phakathi kwencwadi yeSango LokuPhila uyigoqo ukuze amakhasi ayo alandelane ngokohlelo.
2. Yiphathe njalo kuwe.
3. Yisho amavesi aseBhayibheleni ukhulumele phezulu. Ukhoho lwakho nokuvunywa umlomo wakho kuzoququla impilo yakho. Kungekudala uzokwazi amavesi amaningi ngenhliziyo. UMoya oNgcwele uzowaletha kuwe enjengoba enjalo uma uwadinga!

Rom 10:9,10





Isikhathi sokubukeza

Bukeza futhi ukhulume amaZwi kaNkulunkulu

Bhala amavesi eBhayibheli ephepheni, uwafunde izikhathi ezimbalwa zinsuku zonke- ebhasini, ngesikhathi sekhefu, noma nomdeni wakho ngesikhathi sokudla.

**“Ngokuba iZwi likaJehova lilungile;
zonke izenzo zakhe ziyakholeka.”**

Amahubo 33:4

**“Kuyakudlula izulu nomhlaba,
kepha amazwi ami awasoze adlula.”**

uMathewu 24:35

Impilo yakho entsha!

Ngalesisifundo:

Ukukholwa kuJesu Krestu akusiyo nje inkulumo; kepha kuyinhlobo yempilo entsha nehlukile. Amandla kaNkulunkulu nezibusiso eziza neVangeli likaKristu zingezakho, hhayi ngenkathi uqala ukukholwa, kodwa uma uloku uqhubeka uphila impilo uNkulunkulu akunike yona.

Namuhla uzofunda ngalokhu:

- **Impilo yakho entsha kuKristu.**
- **Izinyathelo ofanele uzithathe ukwenza lempilo yakho ibe yiqiniso.**



2 Kor 5:17

Kol 1:13

Izisekelo ezinhlanu zempilo yakho entsha

“Kanjalo uma umuntu ekuKristu, uyisidalwa esisha; okwakudala kudlulile, bheka sekuvele okusha.” Halleluya! Lokhu kuyiqiniso ngempela. Ngenkathi wamukela uKrestu, uNkulunkulu ukususe embusweni wobumnyama wakusa embusweni kaJesu.

Yize ungakuzwanga lokho, kodwa manje usembusweni omusha. Cabanga umuntu oshintsha indawo eya kwelinye ilizwe; angeke awubone umehluko walelo zwe ngaphandle kokuthi athole imvume yokuba yisakhamuzi salapho esisha. Emva kwaloko yikhathi ezobulelela ukuba lapho kulelo lizwe. Kunjalo nakuwe! Kulesisifundo uzofunda ukuthi ungaphila kanjani impilo yakho kulombuso omusha. Ake sibheke amaqiniso amahlanu abalulekile: ukubhabhathiswa, inhlanyelo, izifundo zeBhayibheli, umthandazo nokudumisa, nokwabelana ngoku kholwa.



1 Ukubhabhathiswa

IzE2:14-41

IzE2:37,38

IzE2:38,41

IzE8:38

Uma uPetro eshumayela umlayezo wakhe wokuqala ngosukulwe Pentekosti, abantu babenamacala befuna ukuguquka. Umlayezo kwakuwubizo lokholo nokuphenduka, nabantu babuza bathi: “Siyakwenze njani?” UPetro wayesethi, “Phendukani, yilowo nalowo abhabhathiswe egameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono zenu; khona niyakwamukeliswa isiphiwo sikaMoya oNgcwele”. Loku kutshengisa izinyathelo abazithatha ukuze bangane embusweni omusha kaNkulunkulu. Okokuqala, babathatha isinyathelo – soguquko baguquka ezonweni zabo baya kuNkulunkulu. Okwesibili, babhabhathiswa – bacwiliswa emanzini.

Kuyini ukubhabhathiswa?

Math28:19

Rom6:3,4

Umyalo wokubhabhathisa uphuma kuJesu qobo lwakhe: “Ngalokho hambani nenze izizwe zonke abafundi, nibabhathize egameni likaYise neleNdodana nelikaMoya oNgcwele.” Ngokubhathizwa uqinisekisa ngokufa nokuvuka kuka Kristu okungukuthi uyafa empilweni yakho yakudala uvuswe empilweni engunaphakade entsha ku Jesu! UPawula ufundisa ukuthi: “Kumbe anazi yini ukuthi sonke esabhathizelwa kuKristu uJesu, sabhathizelwa kukho ukufa kwakhe na? Ngakho sambelwa naye ngokubhathizelwa kukho ukuba, njengalokhu uKristu wavuswa kwabafileyo ngenkazimulo kaYise, kanjalo nathi sihambe ekuphileni okusha.”

Ukubhabhathiswa kuveza izinto ezintathu ezenzeka kuJesu

2 Kor5:21

Rom6:7

Rom8:11


Heb7:25

1 UJesu wathwala zonke izono zethu kanye nesijeziso. Wajeziswa waze wafa wafela thina. “Ongasazanga isono wamenza isono ngenxa yethu, ukuze kuyena senziwe sibe ngukulungu kukaNkulunkulu.”


2 Lapho uJesu esefile wembelwa, wadabula igoda namandla esono, “ngokuba ofileyo ukhululiwe esonweni.” uJesu wayeselindele uvuko!

3 Ngosuku lwesithathu, uJesu wavuswa! Wenziwa ukuthi aphilise ngoMoya. Manje uhlezi eZulwini ngakwesokunene sika Yise uphilela ukukhulumela nokumela labo abeza kuNkulunkulu ngaye.

UJesu wathatha zonke izono



Wafa wembelwa



Wavuswa empilweni entsha



Ukubhabhathiswa kwakho kuveza lezizinto ezintathu

1 **Isiphambano**

Isiphambano sibonakalisa ukufa empilweni yakudala embusweni wobumnyama. Lokhu kusho ukuthi:

- Ushiya yonke impilo yakho endala yokuzicabangela wedwa.
- Uyeka "izithixo" ebezibusa impilo yakho yakudala.
- Ukhetha ukulandela uKristu impilo yakho yonke. Uvala umnyango wempilo yakho yakudala ungena kwentsha!

Ef4:22,23

1Thes 1:9

Luk 9:23-25



2 **Ithuna**

Ungena ngaphansi kwamanzi, impilo yakho yakudala ingcwatshiwe. Ifile njengomzimba ethuneni! Amandla esono asecekelwe phansi, ubugqila besono behlulwe, "...ukuze kuthe sesifile esonweni siphile ekulungeni." Omunye nomunye ofile ukhululiwe esonweni. Lokhu kufa kuyinkululeko yakho!

Rom 6:6

1Pet 2:24

Rom 6:7



3 **Ukuvuka**

Uphuma emanzini unempilo entsha. Ukubhabhathiswa kugcizelela isimanga esenzekile ngenkathi usindiswa. Uyisidalwa esisha.

Kor 5:21

Kol 2:12

Joh 11:25,26

Ef 1:19,20

Uphakanyisiwe noKristu waphiliswa ngaye ngoba ukholwa. Undlulile ekufeni waya ekuphileni. Amandla ovuko lwakhe ase ngawakho!



UJesu ufuna ukuthi wena ubhabhathiswe

Mark 16:16

UJesu wathi: "Okholwayo abhathizwe uyakusindiswa, kepha ongakholwayo uyakulahlwa." Lokhu kusho ukuthi wonke amakholwa afanele abhabhathiswe alandele uJesu. Ukubhabhathiswa kukodwa angeke kukusindise, usindiswa kuphela uma ukholwa futhi uvuma ukuthi uJesu uyiNkosi. Ukubhabhathiswa kuyi siqiniseko sangaphandle sempilo

IzE 2:41

Rom 10:9,10



Ef2:8,9

Ukubhabhathiswa (ukuqhubeka)

yakho entsha kuKrestu. Ngaloko, uma ungakabhabhathiswa emanzini, egameni likaYise nelenNodana nelika Moya Ongcwele, lokhu kuyisinyathelo esifanelekile kakhulu ukuthi usithathe. Kwenze lokhu uzobusiseka ngokumangalisayo!



IzE2:41,42

2 Inkonzo: inhlanyano namakholwa amanye

Impilo yamakholwa okuqala yashintsha: “Ngakho abalamukeleyo iZwi lakhe babhathizwa, futhi... baqiniseka njalo esifundweni sabapostoli, nasekuhlanganeni, nasekuhlephuleni isinkwa nasemikhulekweni.” Ikhola angeke libe lodwa; lifanele njalo libe seduzane nenhlanyano noNkulunkulu. Kodwa kukhona okuningi: wonke amakholwa ahlange, ngokuba njenge zitho zomzimba. Akunazindonga phakathi kwethu, ngoba sibhekene nento entsha oku ngu Jesu. Siyathandana ngoba uJesu wasithanda kuqala.

Math 28:20

1 Kor 12:12,13

1 Joh 4:19



IzE2:44-47

IzE4:32-35

1 Kor 11:23-26

Emakholweni akuqala, loluthando lwaluyiqiniso futhi lubonakala. Babehlangana njalo emakhaya abo, babe lana kungekho abantulayo phakathi kwabo. Kwakuba nokuthokoza, okukhulu ndawonye uma bethandaza, bedumisa

uNkulunkulu, behlephula isinkwa bebonke. Nabanye abantu babebathanda.

Bheka ukuthi kwakwenzekani uma bephila impilo enobuKristu ndawonye: abantu babesindiswa imihla ngemihla!

Yikho lokhu okudingayo nawe:yiba seduze nezinhlangano nabanye abakholwayo. Cela uNkulunkulu ukuthi akuhlanganise ndawonye nabanye abamdumisayo ngokuthokoza, lapho kukhona amandla kaNkulunkulu okusindisa, okuphilisa nokukhulula. Uma kwenzeka, vumela okholwa nabo ukuza ekhaya lakho. Qala ukubonakalisa uthando luka Nkulunkulu nabanye bazoheheka kuye.



IzE2:42

3 IBhayibheli: ukudla kwakho kwemihla ngemihla

Amakholwa okuqala azinikela emfundisweni yabaPostoli, etholakala eBhayibhelini. Babehlangana ndawonye ukuzolalela nokufunda, beseabela nabanye ngabakutholile.



Izwi lika Nkulunkulu lifana nokudla. Umntwana ufuna ukudla njalo emva kwesikhathi esifushane. Kanjalo nani! “Njengezingane ezisanda’ kuzalwa langazelelani ubisi olungokomoya olungenakonakala, ukuze nikhule ngalo kube ngukuzindiswa.” Ikhola likhula ngamandla nangokukholwa, uma liloku lamukela iZwi likaNkulunkulu futhi liphila ngalo.

1Pet2:2

Ungavumeli noma yini ikuvimbele ukuthi ube nesikhathi sakho seBhayibheli nsuku zonke. Funda iZwi likaNkulunkulu. Dwebela wonke amavesi akhuluma nawe nqo bese uyawabukeza. Uma uchitha isikhathi esiningi noNkulunkulu, uzokhula ekufaneni naye. Yabelana nabanye lokho okufundile, uzoba yisibusiso kubo!



IzE 2:42

IzE 2:47

4 Umthandazo nokudumisa

Amakholwa okuqala ayezinikele emthandazweni. Babedumisa uNkulunkulu bendawonye. Lokhu kuyinxenye yempilo entsha yamakholwa.

1 Kor 14:12,15

Umthandazo uyindlela yokuhlangana noNkulunkulu. Ungathandaza ngezinto ezisenhliziyweni yakho, ukhulume noNkulunkulu njengoba ukhuluma nomunye umuntu. Ungathandaza futhi nangezilimi, kube wumoya wakho okhuluma noNkulunkulu ngamagama ongawaqondisisi. Okuningi kwalokhu kusesifundweni sokugcina.

Math 18:19,20

Amakholwa okuqala ayethandaza ndawonye, basishiyela isibonelo esifanele ukuthi sisilandele. UJesu ngokwakhe wasinika isithembiso ngomthandazo wesivumelwano: “Futhi ngiqinisele ngithi kini: Uma ababili kini emhlabeni bevumelana noma ngaluphi udaba abalucelayo, bayakulwenzelwa nguBaba osezulwini. Ngokuba lapho kubuthene ababili noma abathathu egameni lami, ngikhona lapho phakathi kwabo.”

Umthandazo wesivumelwano nabanye unamandla kakhulu!

Umthandazo uguqula izimo

Uma abakholelwa kuJesu bethandaza ngobumbano, imithandazo yabo iyaziguqula izimo. Kuzoba njalo nakuwe!

IzE 12:5

Ngenkathi uPetru esetilongweni, ibandla lamkhulekela ngesineke kuNkulunkulu. Wayesesimweni esinzima kakhulu, elala phakathi kwamasotsha, eboshiwe ngamaketanga, nonogadi bume emyango. Yize kunjalo uNkulunkulu wamkhulula wenza isimangaliso sakhe okwaku yimpendulo yomkhuleko. Nakuwe kungenzeka lokho, uthi mawuthandaza ubone amandla ka Nkulunkulu ehla aguqule isimo esinzima ozithola ukuso.

IzE 4:24,31

Kokunye, izehayamthetho zazethusela amakholwa akuqala zizama ukuwavimba ukushumayela. “Bona sebezile baphakamisa iZwi kuNkulunkulu nganhliziyonye, ...Kwathi sebekhulekile, kwazanyazanyiswa indawo lapho bebebuthene khona, bagcwaliswa bonke nguMoya oNgcwele bakhuluma iZwi likaNkulunkulu ngesibindi.” uNkulunkulu wabanika ababekudinga – isibindi!

UNkulunkulu wethu mkhulu futhi muhle, futhi ufanele udumo nothando lwethu! Yibani nesikhathi sokuhlangana nimdumise nimphakamise ndawonye nabanye. Hlabelelani amahubo

Umthandazo nokudumisa (ukuqhubeka)

okumdumisa nisho ukuthi unguNkulunkulu olungileyo, omuhle futhi onesihawu!

2IziKr5:13,14

Uma udumisa uNkulunkulu, ikhona into eyenzekayo emhlabeni ongabonakali: Ubukhona buka Nkulunkulu buyeza. Lapho kunokudumisa khona uNkulunkulu usuke esenikwe indawo yakhe efanelekileyo, usuke ezobusa nokutshengisa ubukhulu bakhe! "Kepha wena unguNgcwele ohlezi ezibongweni zika-Israyeli. [abantu bakaNkulunkulu]."

AmaH22:3



IzE2:41,47

IzE4:32,33

IzE5:12-16

5 Ukutshela abanye ngoJesu


Izimpilo zamakholwa okuqala zaba nemiphumela emihle kakhulu. Babehlangana ngokuthokoza emakhaya ukuzodumisa uNkulunkulu, nabantu babesindiswa mihla yonke. Babehlala ngothando nangobumbano, beshumayela ngamandla amakhulu. UNkulunkulu wenza izimangaliso, "benezelwa kakhulu abakholwa yiNkosi, abanengi nabesilisa nabesifazane." Uyawubona yini umphumela wokuhlala eduze noNkulunkulu nase duze komunye nomunye? Endaweni enjalo, kwakulula ukuthi kumakhelwane: "Woza endlini yami uzohlangana nabangani bami." Kodwa loyo muntu wayengahlangani kuphela nabangani kodwa wayehlangana noJesu futhi. Lokhu kungaba yimpilo yakho! Uma wabelana ngoku tholiile kuNkulunkulu, uzoba nenjabulo enkulu kakhulu yokubona abanye abantu bebuyiswa ekufeni belethwa ekuphileni okungunaphakade. Uma uphikelela ngo kwabelana, uzokhula kakhulu eNkosini.

Siyakuhalalisela!

Usufunde isifundo sakho sokugcina ezigabeni ze **"Isango LokuPhila"** futhi usebenze kahle. Lokhu okufundile kuzoshintha impilo yakho yonke! Njalo kanye emva kwesikhashana, thatha ihora elilodwa uphinde ubukeze lezigaba zalezifundo futhi.

Uphenyo yeBhayibheli

Njengoba isandla sineminwe emihlanu, manje usufunde ngezigaba ezinhlanu ofanele usebenzele phezu kwazo uzenze inxenye yempilo yakho. Okokuqala, ukubhaphathiswa, ukwenza kanye, okunye emva kwa lokho okwangemihla yonke njengomlandeli waka uJesu uKristu.





Isifundo 1: Ukubhabhathiswa

a) Funda lezinxenye zokubhabhathiswa eBhayibhelini bese uphendula lemibuzo elandelayo:

- Math 28:18-20: Ngubani onika imiyalo ngokubhabhathisa?

- Mark 16:16; Ize 2:38, 18:8: Yini efunekayo ngaphambi kokuba umuntu abhabhathiswe?

- IzE 8:36-38: Chaza indlela yokwenza ubhabhathiso

- IzE 16:14,15,30-34: Imindeneni iyaphendula yathini ngomyalezo wokusindiswa?

- IzE 16:34: Ukukholwa nokubhabhathiswa ku gqugquzela miphi imizwa?

b) Funda KwabaseRoma 6:1-14 bese ubhala kafushane lokho okufundile ebhukwini lakho.



2 Kor 5:17

Isifundo 2: Impilo yakho yangemihla njengekholwa

Ngenkathi usindisiwa, uye waba ngumuntu omusha. "Okudala sekuhambile, okusha sekukufikile!" Manje usuhlala enhlanganweni ebaluleke kakhulu no Nkulunkulu uqobo lwakhe. Funda iZenzo isahluko 2 kuya ku 4, ubhale phansi izinto eziyi 8-10 ezaziyinxenye yempilo yamakholwa ezinkonzweni zakuqala.



Jak 2:26

Isikhathi Sokwenza

Ukholo ngaphandle kwemisebenzi lufile. Nawa amaphuzu awu5 alula angakusiza ukusebenzisa inqikithi ya lesisifundo:

- 1. Ukuhlangani:** Thola inkonzo noma inhlangani yamakholwa, lapho kufundiswa khona iBhayibheli futhi nabantu abathanda uJesu ngezinhliziyi zabo zonke. Ngokwethembeka hlanganyela namanye amakholwa.
- 2. Ukubhabhathiswa:** Uma usuguqukile ezonweni zakho futhi ukholwa ukuthi uJesu uyiNdodana kaNkulunkulu, ayikho into ezokuvimba ukuthi ubhabhathiswe. Cela abakhokheli benkonzo - noma amakholwa amanye – ukuthi ufuna ukubhabhathiswa.
- 3. IBhayibheli:** Qala futhi uqede usuku lwakho ngokufunda iBhayibheli. Qala ngoMathewu, uze ngeZenzo. Bese uqhubeka njalo ngokufunda. Etestamenteni elidala, qala ngoGenesisi naMahubo. Bhala phansi lokho uNkulunkulu akutshela kona. Lindela ukuthi uzokhuluma nawe zinsuku zonke!
- 4. Umthandazo nokudumisa:** “Khulekani ningaphezi.” Thandazela yonke into ngokwakho, nomndeni wakho. Qala futhi ugcine usuku lwakho ngomthandazo. Thandaza namanye amakholwa ngasosonke isikhathi ongakwazi ngaso. UNkulunkulu uyayizwa imithandazo yakho futhi uzoyiphendula!
- 5. Tshela abanye ngoJesu:** Batshele izindaba ezimnandi ngothando namandla kaNkulunkulu. Qala ngomndeni wakho nabangani. Qala namuhla!

IzE8:36,37

1 Thes 5:17

Impilo yakho entsha kuJesu Kristu isiqalile. Halleluyah!

Isikhathi sokubukeza

Bukeza bese usho amaZwi kaNkulunkulu

Nali ivesi eliseBhayibhelini ofanele ulibukeze. Lifundele phezulu izikhashana ezimbalwa! Khetha amanye amavesi amabili eBhayibhelini akulesi sifundo nawo uwabukeze.

“Uma umuntu ekuKristu uyisidalwa esisha; okwakudala kudlulile, bheka sekuvele okusha.”

2Kor 5:17

